Isifundo seSikole seSonto

Esesikombisa, Feb. 15, 1920.

OPETRO noKORNELIUS. Izen. 10:1-11:18.

Esokulandwa evilsini. Izen. 10:30-48.

ISITATELO:-Yona leyoNkosi iyiNkosi yako konke, icebile kubo bonke abakala kuyo, Rom. 10:12.

Amanye amavesi aotisha, Izen. 15: 1-35; Gal. 2:1-21.

ESEZINGANE ISIHLOKO: Utando lukaNkulunkulu kuye wonke umuntu.

OKUJONGIWEYO:-Ukubona isifundo uNkulunkulu ayesifundisa uPetro neBandhla lakuqala nokuba uNkulunkulu afuna sifundeni tina ngalendaba. Ihlelo I. UKornelius nombono wake vs. 1-8.

II Isifundo sikaPetro vs. 9-16.

III. Ukushumayela kokuqala kwabesizwe v. 16-48.

IV. Udaba olwaba pambi kweBandhla vs. 11:1 18.

V. Isigcino:-IBandhla lavulelwa zonke isizwe 10:34, 35 naku 11:18.

VI. Kuhle sibabuke kanjani esakelene nabo abangakolwayo, amaIndia namaSulumane nabelungu nabanye?

Emakilasini esingane landa indaba yesihloko I, II, noIII uyenze ibe umsandi ngokusobala ngamandhla ako kona abantwana besobona ukuti uNkulunkulu ubatanda bonke ufuna ukuba sibapate kahle sibenzel'amuse sibasise ukuba bamasi.

Kulamawana nisofumanisa kucasiwa esinye isinto.

I. UKornelius waeyinduna yeKoma, enjengenduna yamabuto ayikulu. Babebiawa ngokuntiwa yiviyo laseItaly ngoba bonke babesalwe eItaly. Wabe emise eKesaria eli amamaili angama-33 ehla noJoppa lapo kwakukona uPetro. Lapa uHerod omkulu wabe esize umuzi omkulu onesindhlu esinigi esinhle.

UKornelius wab'esaba uNkulunkulu, ukuti waemkonza elinga ukwenza intando yake noko engengenile pansi komteto wabaJuda. Yena uNkulunkulu waengazifuneli yena yedwa kepa wahola wonke umuzi wake, kanye nesisebenzi ngesindhlela saka zokulunga. Wabe epa isinto sokampofu engumuntu womtandazo. Wabe engo wesizwe esikona izitombe kungelula ukuba shambe ngenye inkolo pakati kwamazosha. Makube waqunga isibindi ukuba eme ati ngyi ngakuNkulunkulu wake umketileyo. Kepa uNkulunkulu waembonisile ependula imikuleko yake emsisa ngakudingayo. Wasukela pezulu uKornelius ukulalela inxuso laseZulwini watoma ukuyobiza uPetro.

II. Lapo isigijimi ezatonywa nguKornelius siseepdhleleni uNkulunkulu wasfundisa uPetro isfundo esiyomvumisa ukuba shambe. Kwaku ngangomuso lapo uPetro wakupakela esicongweni sendhlu eya kukuleka. Masikumbule ukuti igindhla zabo zasi amatantala esimpahla zaso kuvamisa ukuba kubekona udongana olungelude olusondini kwakiwe okokunyatela ngapandhle, ngako kube indawo enhle uma umuntu efuna ukuba yedwa ekuleka. UNkulunkulu atapimisela nga kuPetro afuna ukuba akwenze kodwa wemkombisa ngesinto esenza isifundo leso sibe sobala sibe ngesingakohlakati. Saba yisifundo esinamandhla kakulu kuPetro. Ukudhla isilwane esinje ababengazidhli abaJuda wangakucabangi nese. Ake nicabange ngesinye isilwane esingadhliwayo amaZulu. Kungaba lukuni kini inxa kutiwa zidhleni. Ngako loko uPetro wabengadhli nomuntu ongesiye umJuda, engamlalisi nasendhlini yake. Inxa izitha sokupeka zitengwa kwabeziswe, zimelwe ukuba zihlanjululwe ngomlilo namanzi anduba zipeke; imimese imelwe ukulolwa ngokusha nanjalonjalo. Kepa uNkulunkulu wakubeka obala kuPetro ukuti uma uNkulunkulu eguqule inhliziyo yoweziwe bangase badhlelane ngoqobo naye. Ngako uPetro wati mawangene amanxosa la esizwe endhlini wawalalisa kona.

III. Wabisa izihlobo zake uKornelius bahlala balinda ukuzwa indaba ekulunywa nguPetro. Kwaku ukuqala ukuba iVangeli lishunyayelwe kwabeziswe bodwa. Qapani kahle okwathunyayelwa nguPetro nokuba uNkulunkulu wakombisa kwasobala ukuti abeziswe bamukelwe ngengamaKristu abaJuda. Paulani ukuti ukubhaptiziwa kwabo ngamansi kwenziwa muva. Ukubhaptiziwa ngamansi akusindisi kuyilupawu nje lwengapandhle.

VI. Kwaku lukuni kubajoda ukwamkela abeziswe ebandhleni, kepa bonsni ukuvuma kwabo ukulandela lapo uNkulunkulu esyikombe kahle indhlela.

V. Cabangani ukuba kwakuyinto enkulu kangakanani ukuba iBandhla laseJerusalema lavula ngalesosikati iminyango valo kuso zonke izizwe kubelungu namaIndia namaZulu nakubo bonke.

VI. UPetro wabizelwa ukuba sdhle alale ashumayele kubantu angadhlelani nabo ukuba abasize ukutola insindiso. Nati masihambe ngawo lowomoya kwabangakolwayo sibamukele emaBandhleni etu singalandeli imikuba yabo kepa sibabolele kuNkulunkulu. Maniye kubo ngisho emakava abo sibabonise uMoya kaKristu ngokuhemba kwetu.

Ngendaba yamaPasi.

Kubonakele epepeni lika Jan. 23 inkulumo kaRev. J. L. Dube ekuluma ngendaba yamapasi.

UDube ucela imiqondo neseluleko kulamawi awaveslleko. Mina ngiti akukulumile kungamaginiso konke ngapandhle kuka No. 3, nza ekuluma ngama 'Exemption,' ngoba loko okokuba akuqondisiwe lowo osuke efuna ukuba angene kuko.

Uma indaba yamapasi kungaze kwenseke ukuba ipele kungadingekelani ukuba abantu bonke babe namaExemption, loku umuntu uesuke efuna yona njalo ngobaefuna yona inkululeko? Uma ngiti kunga, dingekelani ukuba abantu bonke babe nama Exemption? ngitsho ngoba iExemption nanenapela idingeka kumuntu ofundisiweko abe nokuyiqonda ukuti iyini ngoba kukona isinto esingabuye simhlupe lowo okungafuma nieeka engene kuyo engenako ukwazi okwaneleyo.

Ibala elikulu lokuqala ukulobolisa nokulobola. elesibili ukugcagca noku gcagcisa. Ngitsho njalo isinto esitiya na neExemption.

Indaba yamapasi yona kawuqambi manga uma uti iqubula isibilini ukuba sitwaliswe amapasi kwelomdabu, futi kabuko ubugqili obudhlula lobu.

Omunye usande kubona kona epepeni iLanga wati, "kodwa yena uNkulunkulu wayeqondeni ngebala leli elimnyamaq Ngoba noma lingenza isinto esinkulu nokusitoba okumangalisayo okungaze kungenziwa noma yilipi ibala panei kwelanga, kepa konke loko kudhlula kube yiso kwelimhlope ibala.

Yimi,

D. NXABA.

Ababongayo.

Ngicela indawana ukuba ngiwaka lise ukubonga kwetu kubantu base Newcastle ngokusiduduza nokuseleke lela ngesindhlela esiningi ekushoneni kwomntwana wetu otandekayo uPeachey Hayes Herbert Ncamu.

Siwabonga amakosikazi amahlelo ngamahlelo ngemitandazo ayeyenza endhlini yeta, namawi okusiqunga isibindi, nokusiduduza ngosizi lwetu.

Nanka amagama abangipona'isandhla ngosizi lwetu:

	£	s	d
Rev J Ncamu	2	0	0
Mr. P. B. Mtembu	3	0	
Mrs. Butelezi	4	0	
,, Dubazana	2	6	
,, Nicker	1	0	
,, Dube	1	0	
,, S. Ngcobo	2	0	
,, Nxumalo	1	0	
,, Jiyana	1	0	
,, Geo. Mtembu		6	
Mr. Miah Sishie	4	0	

Yiti ababongayo,
GEORGE & AGNES NCAMU

Oti mapele onke amapasi.

Mhleli nabafundi bako. Ngifundile ipepa lako lomhla kaJan. 23 mayelana nemapasi Into angisuseyo, ngiswa uti abejoyini bapate libe linye engiti ngokubona kwami nalelo lomzimba alidingeki ilone elizale onke lawa. Ngiti alifuneki noma umuntu angesa lapa eGoli. Futi ngiswe uti akwandi swe amaExemption. Ngiti nawo futi asafuneki, asidinile bakiti ngoba nawo azala amapasi.

Yimi,

J. LUTULI

Auguti kakulu mhlaumbe.

Abantu abaningi abadinga umuti wamandhla bawudebekisela ngoba bengaguli kakulu ukuba beswe ukupateka kabi okudhlula ukukatala nokungabi mnandi. Abaqondi ukuti ukuhlehla kwempilo yabo kuya ngokuya ngango, ba nabo abakuzwa ukuti sebehle kanja ni empilweni yemihla kuse kuti ubuso obupapatekileyo nemiswa ebutakatska nokudana sokuba noswela kudonse amehlo esihlobo zako. Noma sekunjalo umuti wamandhla yiwona muti ofanele lapo. AmaPink Pills kaDr. Williams aka impilo entaba namandhla kuso zonke isito zomzimba. Inhliziyo iba mhlope ekudhleni nokudhla kufike kusebenze kahle esiswini kuvele umba' la omusha esihlatini nasesindebeni' kuncipe ukunakana ube neuhliziyo enhle kanti kade usuzozwela ubone usujabula ngokunye ngokupila.

Lomuti wamandhla awudhlali esiswi ni esingasasebenzi kahle nomzimba nokupateka kwegasi elilula nesifo zemiswa. Kwabaningi ukupela kwokwelashwa okudingekayo. Ngokunika kwawo amandhla amantombazana aku layo amaPink Pills kaDr. Williams akugculisa konke okudingwa ngunina onakekele abantabake.

Umtengisi wakini uyawatengisa ama Pink Pills kaDr. Williams noma kona ngqo kwoDr. Williams' Medicine Co., Long Street, Cape Town ngo3s. 3d. igabha lilinye, noma abe yisitupa ngo-18s. iposi ungalikokeli.

Ukungafi kwomuntu.

Is'casiselo.

(Ngu M. M. FUZE.)

Elokugcina ngiti kini, bakiti: Siyakuti uba sibuyiswe emva kokushiya kwetu lomhlaba singapinde sikumbule ukuti saka saba kona lapa. Umuntu kabuyiswa qede akwazi ukuti wabe ekade ekona kulomhlaba; njengengane lena oyibonayo, isoitshiwe, aivuyelwa ukuba isizozele izindaba eyabe izenza esiswini sikaniza naleso eyabe izenza ingakabiko esiswini. Futi aivuyelwe ukuba ikulume luto ukupela yenziwe isitata ngobomu.

Injaloke ingane, madoda, ingese yakutshela luto, ingenti yasi okuningi esingakwasiyo tina esesibadala. Kungaloko ukuba ingane esalwa igutshuzelwe, iti inxa seikwasi ukukuluma—inza kumbe seineminyaka emine, emihlanu kumbe eyisitupa siyiswe ikulama isinto esinkulu netake nina yiloko kanti ikulama loku enizakugcina ngokukubona kuvela, nikubone nasi ngamehlo. Okungukuti loko, ingane lena iseswana noNkulunkulu iseduze kuye kunati tina esesibadala. Yebo kambe wagala lapo umkuba lo wobutata wokuti kukona isangoma esibhulayo ziswe esingakwasiyo; inganti qabo, umuntu omdala angaba nalo ikanda lokabona isinto inxa enenhloko enengqondo, kodwa ungene abhula njengezanusi lesi esivama ukukohlisa abaningi ngokuti "ndhlosi lizuluma ukuti nokuti," konke loko ku amanga odwa, kuyinkohliso yokupanga impahla yabanye.

Kunjengokuba futi lapa emakolweni sekuvame umkuba wobutata wokuti umuntu omubi ufa qede apenduke isipoki esihamba sivuta umlilo, ngenxa yokuba etaba isihogo leso abaselwe sona ngenxa yemikuba yake emibi abekade eyenza esesemhlabeni. Impela akumfaneli loko nakancane umuntu ukuba akukuluma aswakalise amanga pakati kwezwe, ngoba ingebeko into enjalo emhlabeni, kodwa njengokuba inkolo yabantu iya lapa izitandela kona, baningi abazibonayo isipoki leso abazibona ngengqondo nemicabango yabo, zingeko ngesibili. Ngiyazi nami ukuti kute uba kufike abafundisi kulomhlaba, bafike bafundisa abantu ngokuti bonke abantu ababi bayakutshiswa ngomlilo omkulu owosabekayo, abayakutshiswa kuwo bengasayikufa, imihla yonke kuze kube pakade. Isipoki lesi siqamake kuloko kukolwa. Mina uqobo lwami sengimdala ngapezu kweminyaka emashumi ayinkota, kade ngangisingela ukubona isipoki angizange ngibone, kepa izingane nabasekulu bami bati sebeke basibona. Konje akumhlola wona lowo na?

Ngisavalelisa kini namhla, ngitemba ukuti ngobuye uginibone, bantabami, inxa kusavunyiwe ukuba ngibe kona. Kodwa ngicela kini nonke ukuba ati ongawezwa amazwi ami angipondule.

MAGEMA M. FUZE.

14 William Street,
P. M. Burg.

Ubonga umuti wakwa Lacombe.

Frank L. Dawber,
Chemist & Druggist,
Lacombe Drug Store,
509, West Street,
Durban, Natal.

Ngicela ukuvula umlomo wami ngokuzitoba kwami ngapansi kwako Lacombe. Ndikubonga amandhla ako amakulu kanguka Ndiyakudumisa ndiyakuncoma kakulu. Ndandihlupekile inyanga ezintatu ndingalali nabutongo ngenxa yoku gulelwa ngumtwana wami wentombazana epetwe lilihlo libuhlungu engasapumeli napandhle ehlala emnyameni angafunani nokukanya. Ke Lacombe ndiyatokoza. Wafika ngo 11 8 19 ndaqala ukusebenzisa ngo 12 ndausebenzisa isinsuku ezintatu ndabona umntwana waqala ukulala ebusuku kwasa ehlala pansi ndamngala. Au Ndaba sendincinisele uk'usebenzisa au ndabona sepumela ngapandhle kwapela ukuhlupeka endikuhlupekayo ndibaleka namagqira amadoktela onke ahluleka. Au ndiya bulela kuwe Lacombe amandhla ako. Intombazana yami ipilile namhlanje uya sebenza ngamehlo amabili, intombazana yami yayiponsiwe ngabantu seipilile. Lacombe ndiyakudumisa intombi egama elingu Nelley Isirayeli.

Ndiya pela ngombuliso omkulu Lacombe.

Imina J. A. Isirayeli, umfundisi waseTiyopiya.
Bon Accord.
Oudest Poort,
Pretoria.

OTUKULULAYO
(UMATUKULULA.)

INKOSI YEMITI YONKE.

ISISININI: AMAFUTA EZILONDA!

Lomuti wenziwe ngomfazana wesilonda kupela esi luto elunye. Ungamafuta amangaliseyo afanele ukuba wonke ubani ahlale enawo lomuti Uqeda izilonda nezinsumpa, nokuba zde upunywa amatumba. Welapa zonke lesizifo:—

Izilonda, ukusikwa, uZokozela, nokuqubaka.

Iziyingi ezibangwa yilanga ukushisa, uhlevane emsimbeni nokuningi okunye, kupiliswa ngo ungcotshwa lomuti. Tumela lomuti namhla uhlale nenawo ungalindeli ukuba uze ube nesilonda nokuba uze usikeke ungenawo lomuti. Hlala unawo eduze, elokulimala kawulasi ungelimala namhla nakuwasa, wena nomutanako nakuba isisebenzi esko, nesinye isinto esipilayo esidinga ukwelashwa. Tumela namhla uqondise ku-

MR. L'ETANG,
3, Railway Street,
Durban.
(Uboloba ngolwimi lwakini).

Idosha lilinye libiza 1/6 ngeposi 1/9.
Elikulu „ 2/6 ngeposi 3/-

Imiti itanyelwa noma ikuyipi indawo eneAddress enikwa uMbhaleli.

Impendulo kuMr. Johannes Gumede.

"Ku Mhleli weLanga."

Baba Mhleli,—Epepeni lako lika-Jan. 23 ngifunyene amazwi omumzane wakiti uMr. Johannes Gumede. ebuza kimi ukuti inxa abantu behla benyuka njengelanga namanzi, po "imipefumulo eyokwshluiwa ngombla wokupela ihlezipi na?" loku imiBhalo iti "imipefumulo ihleli ihlalele ukwahluiwa ngombla wokupela kanti kuti wa kuzalwa yena lowo na"?

UMr. Gumede yena uti "imipefumulo", inxa epete izwi labafundisi abaliteko lapo bekomba umuntu oyenayena opakati kwesidumba seta, ubuza uti labobantu po bahlezipi, loku bahlalele usuku lwambla kuyakutetwa amacala abo njena, inxa mina ngiti bemuka qede ngokubola kwesidumba zemisimba yabo babuye bagequke beze kuzalwa futi?

Aike Gumede wami omuhle! mina angitsho ukuti lukona nsuku iNkosi eyakuhlala ngalo esihlalweni itete amacala, yahluksnise ababi kwabahle. Ngiti mina bonke bayakutata okwabo njengemisebenzi yabo ababeyenza bese kulomhlaba ngoba sonke sihlezi noNkulunkulu pakati kweta. Ake ngikukombise kancane. Sebe baningi pakati kweta okuti esemukile spinde abuyiswe ze kasilandisa amanyala akade ewagila lapa emhlabeni; omunye asitshele ukuti kutiwe ake abuye azotshela abantu ukuti wabulala ubani nobani kumbe nabantwana bake, nembala abatshele abantu konke okubi abe ekwenza angabe esaba namahloni, angesabi muntu. Uti wena labo kambe baseke benqunyelwa ngomuye umuntu kulawo macala abo na? Wena auboni ngani ukuti bebehlezi naye uNkulunkulu uqobo, besifihlile kodwa kwabanye abantu?

Kunjalo, mntanami, nangalowo muhla kwoba yilowo state okwake njengokwenza kwake, akuko bani oyakuhlala eshlalweni anequme imigilo yabantu akade beyenza. Auboni ngani wena ukuti tina siyona, kodwa uNkulunkulu uyasitetelela emacaleni etu esiwenza mihla yonke? Wena nami siyayazi into esiyiyo nemigidi yetu yonke, emihle nemibi, kodwa asitheli muntu, lukona kodwa usuku esiyakuzidalula ngalo—ngomhla wokugcina, mdhla simuka kulomhlaba—ayakupela amahloni lawokwesaba abantu, ezaba ukuti bazauti "kanti uBanibani lona simbona ezine kangaka ezithelwa umuntu nje, mubi udhlula bonke abantu abangalangile emhlabeni! kamuntu waluto!"

Loko, mngane wami, kuyakuhlalulwa kimi nakuwe ngosuku lweta 'okumuka kulomhlaba. Kunjalo okwami ukutsho mntanami. Oh! akwaba sixoxa nje nawe siyabonana! Angitsho izidumbu zemizimba, ngitsho abantu esiyibo abangabonwayo! Baningi abakuluma ngolimi olunhle olumnandi, kanti ngapakati nayizimpisi ezipangayo.

Baba Mhleli, ngojabula ukuba kutiixa engaweswisanga kahle amazwi ami uMr. Gumede apinde angibhalele abuzisise kimi ngalendaba "Ukungafi kwomuntu", ngoba sonke asazi luto siyahlwatiza nje ekweneni—munye owaziyo—yena osidaliileyo.

Yimi owako okutembayo,

M. M. FUZE.

14, William Street,
P. M. Burg,
Jan. 24, 1920.

ISAZISO.

Uma ufuna umuti wezilo yiya esitolo otenga kuso ufike ubize HARTLEY'S ORIENTAL VERMIFUGE (Umagotula) nginiseke ukuba lowo muti akunika wona unesitombe sendhlovu uqapelisise ukuti unegama lika HARTLEY. Ninga panjaniselwa. Nibuze kumnini vikiili uma engenaye UMAQOTULA ngitumeleni igama lake bese'ngitumela kuye, ngokwenza loko niyobe nisiza mina.

Mr. A. H. TODD
Umkemisi Wabantu,
RED HILL, Natal

KUFUNWA

Umuntu owazi ukubaza amaplangwe nokwenza amabhokisi. Ofunayo makufike mesinyane kimi noma alobe.

GEORGE P. MSOMI.
3 Jules Street,
Jeppe,
Johannesburg.

Umelapi ohlala enqoba wesikumba.

AKUKO LUTO OLUFANA NOZAM-BUK WAMAKAMBI.

Njengoba amaAllies aliqoba uqobo iGermany, noZam-Buk udhlungile ngokungagejiyo, umelapi ohlala enqoba wesikumba.

Isilingiso siyabonakala kodwa siyahlaleka njalo ukusondela ebuhlosi bokwelapa okunqoba konke kukaZam-Buk.

Njengezigcobo ezihlasiyekileyo nesimangaliso esazigcotshwa ngabaLwi basendulo, uZam-Buk ungumuti wamakambi accokileyo kahle watokwa ngobungeweti, ukuti nangenza yobunyanga bwake enjwe ngabo, unamandhla okuDambisa nokuPolisa nokuBulala Isihlungu angafani nawumuti.

Usuzibonakalisile uyisiBusiso emasebeni akiti empini namanje mihlayonke usindisa imizi yalapa eSouth Africa ekugungeweni yiSifo seziKumba.

UZam-Buk ugondana nokudumisa ubuhlungu nokulavusela okushisayo kwesikumba. Uqeda izilonda nezizixayo sesihlungu egasini, ezimpandeni ube ungalimazi izintwatwasi ezitambileyo zenyama. Inza ngcotshwe lapo usikwe kona noma ushile umlilo noma amasi, ukunika okuvikelwa okoshesha ukuba angangenwa amagciwane Uhlumisa futi ngamandhla isikumba esisha nesipilileyo ngapandhle kobuhlungu.

Kumaumzane acokosikazi nomutwana uZam-Buk ungumelapi wesikumba opelelayo ofanele ukuhlala ebekiwe ehlanzekile. Uye afike kude ahale isikati eside "ohlala" kunayo yonke wetembekile kunayo yonke. Ngo 1/6 ngo3/9 ngedosha kubo bonke omkemisi nabezitolo noma ngeposi kweZam-Buk Co., 9, Long Street Cape Town.

Wanted.

Two good Native painters one for Carriage painting and one for wagon painting, also one rough carpenter who understands wood work for wagons. Top wages given.

Apply

S. KIRKEL.
103, Commercial Road,
Maritzburg.

Ezase Mkambatini.
(NGU SANDANEZWE UQOBO)

UMLUNGU OTETA AMADHLOZI

Sisendaba lapa Mhleli yomulungu obonga amadhlozi akuko. Ube kade ehlabe inkabi ngomhla ka22 Jan kwa eyesitebe ngomhla kaJan. 23 1920. Wab'egaye notshwala wonke umuntu obekade eyidhla inyama, ubegexisandhla kungahambi netambo lapa. Setuka ke tina sati, Kanti nabelungu bayawabonga yini amadhlozi na? Zisho nokusho izinceku zake ziti kubongwa amadhlozi, kwatetemeleswa lapa inkomo izihlatshwa noma sekudhliwe. Kunjalo nje Mhleli nabefundi bako, ungaMfundisi wesonto langoMgqibelo, usontisa ngoMgqibelo neSonto abopele izipani zakwake slime. Usola inkolo yeSonto sti uMsombuluko. Udukisa abantu kanjalo. Uti abantu ababuyele emadhlozini akubo, usebatolile ke abantu abajezisiwe emaBandhleni, imigulukudu. Uti abantu abaganwe izitemba bangalahli umkuba wakubo. Sebezakele ke abantu abampofu emoyeni. Kunjalo nje uyafika kuleliwe lase-Mkambatini apuma eFree State Unabantu abangabefundisi bake, nyiBhunu lomlungu. Ngomhla ka31 Jan. kwabe kubahlatizwa izangoma ngob'eti izo esizombhulela abantu bake. Awu sahlupeka Mhleli. Sesimkumbule uGeorge Moe ebekade ekuleli plasi. Upika yonke inkolo uvuma le ahamba ngayo kupela.

[Izigigaba lezi zezinsuku zokugcina. Otanda ukuze sdhle ifa lobomi, agokotele kuJesu, angandizi uemimoya yezangoma —Mhl. Il.]

Nuttall Training Institution.

The above Institution will re-open on the 4th Feb. Boarders are expected to arrive on the afternoon of the 3rd.

REV. J. METCALF
Principal.
Edendale.

Kwa Ngobamakosi.

Ugudhlukile.

ISITOLO ESIDUMILEYO SAKWA NGOBAMAKOSI SIGUDHLUKILE SIYE KULONA UHLA LAPO BEKUKONA ESIDALA NGANENO kaucane kwesiucane ku 109 Field Street.

Lapo indawo ibangi kokulu, kukona nesitezi. Sewaka noNGOBAMAKOSI loku kade epesheya elndia. Ufike nezingubo eziningi zazo zonke izinhlobo kusukela onyaweni kuya ekand'. Imisiko yakona yab silisa nesifazane idhla umunyu.

Kumbulani ku 109, Field Street lapo umise kona manje.

Nantsi Intengo Enhle

Ofuna izimbongolo, Odonki, Amahashi Amahanis amada'a nesinqola nezingqukumbane angazi tola kwa-

L. JACOBSON, KU WILLIAMS ROAD, EZIBUNGA. Eduze nama ofisi amalisho. Kukona izimbongolo 200, odonki abamashumi amahlanu nya ekulwini kanye futi nesinkahi eziningi sokubotshelwa nesinkomazi namatole, nesitole. Umuntu inxenye yemali ngaba isikweletinxa enga[illegible] nhlabati noma isetemniso senoti esibhalwe umuntu owa[illegible] kayo.

Utengisa nangezinhomo

L. JACOBSON,
[illegible] Dealer,
Williams Road,
DURBAN

[illegible] Idlisi lalapo izinto [illegible] mo siya kona ngoba akuvunywa nxa ziya lapo idlisi ingeko. Abantu abayuhlupe ka ekufuna imvume yokuhambisa izinkomo ngoba yocelwa uye uMr Jacobson

ISAZISO

KUBANTU BONKE NEMIHLOBO.

Station Pharmacy, Ltd.

3, RAILWAY STREET, DURBAN

Ikemisi Lempilo ngemit'enamandhla

Ikemisi lokuqala uma upuma ngaseStation, 3, Railway Street. Libhekene nesitoshi esikulu sesitimela eGushede. Sesiza sonke izihlobo zetu nabo bonke abasiswa ngendaba ukuba sesisukile kuRailway Pharmacy lapo kade sikona iminyaka eminingi. Manje sesiseStation Pharmacy, 3, Railway Street, iKemisi lempilo ngemiti enamandhla.

Sesiza sonke izihlobo zetu esisaziyo nezisifunayo ukuba asisenasihlangano naleloKemisi eliku No. 13, Railway Street. Bonke abahlobo betu mabeze lapo sesikona Niyobona ngepulangwe emnyango elilotywe kanje:—

Ikemisi lempilo ngemiti enamandhla,
STATION PHARMACY, LTD, CHEMIST,
3, RAILWAY STREET, DURBAN.

Sesiza yonke izihlobo yetu egulayo nokatazwa izifo ngezifo ngaleli Kemisi elimcoizo, LeliKemisi linezinhlobonhlobo zayo yonke imiti eqondene nezifo ezandi. leyo kubantu. Linemiti yamaNgisi (English Medicine) neyamaBhunu (Dutch Medicine) neyamaFulentshi (French Medicine) Sesiza yonke imihlobo yetu ukude neseduze engenamandhla okufuyelela lapa kitina ukuti bangatumela imiti ebavibonayo ukuti ingabasiza kulemiti. Nantsi imiti yetu:—

UMXUKUXO:—Amapilisi enyongo iwona mapilisi akipa yonke inyongo esindala ehlesi ematunjini. Lamapilisi aqeda ukukwelwa yikanda, ukukatala komzimba, aqeda isinxi, ukuqumba kwesisu nayo yonke inkatazo esesiswini ebangwa yinyongo. Gwinya uhlamvu lube lunye nxa usuyotala, lukipa inyongo um'mangaliso. Ibhokisi lawo libiza 1s, ngePosi 1s. 2d. Tumela namhla, ibhokisi lamaPilisi igama lawo UMXUKUXO.

UMADUDULA:—Kufunyenwe umuti wezilo ezibomvu. Lomuti omusha osanda kufika (Egyptian Vermifuge.) Nxa uke wawupuza kawubuyi wodwa ubuya nezilo ezibomvu nezimhlope nempetwane noma sezehlule yonke imiti, yabelungu noma yabantu ufike wona usibeke pansi, ukipa nezicashe enansini uMadudula, uza naso ngokusbesha usibone ngamehlo Tumela ibhodhlela lawo wena okata zwa yizilo. Ibodhlela likaMADUDULA libiza 1s, ngePosi 1s. 3d

AMANGQATU:—Idumela lalomuti selikuyo yonke indawo, sinabantu abaningi osubasiz[illegible] esisifo, welapa iDrop ukuvuza kwesidodi (Clap), ukuvuvuka kwesizi lapo, ub[illegible]ngamba nokushisa eshyeni, Isicenene umsebobingo oshisayo AMANGQATU kusisifo kawugeji usuize abaningi abaseDorobheni nabasema kaya Ibhodhlela lamaNgamu libiza 2s. 6d., ngePosi 3s. 10d, elikulu 4s. 6d, ngeposi 5s. 6d.

UMANQOBA:—Iwona muti onqoba ugcunsula uJovela (Syphilis), welapa izilonda ezingapakati nezingapandhle, ukugubuka emzimbeni, nezilonda ezenwa yiasyo, ulungisa igazi elomakeleyo Ibhodhlela likaManqoba libiza 2s. 6d., ngeposi 3s 6d, elikulu 4s. 6d, ngePosi 5s. 6d,

UMAPENGULULA:—Iwona muti womkuhlane uqeda ukukwelwa ikanda ukufudumala, amakaza, uqeda Imfiva ngokushesha. Ibhodhlela likaMapengulula libiza 2s. 6d, ngeposi 3s. 10d., elikulu 4s. 6d, ngePosi 5s. 6d.

Zonke izincwadi ezitunyelwayo bhala uqondise lapa:

Station Pharmacy

MICHEL L'ETANG

3, Railway Street, DURBAN.

LABA ABANOMZANE BABESE KEMISI OKWAKUNGELIKA TREMOULET KUQALA.